## ISIQEPHU A: INDABA

## OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA

1.1 Indaba mayiveze ukuthi ungenzenjani ngeNingizimu Afrika ekuyithuthukiseni, yiziphi izinguquko ezingenziwa, abantu bona bangabhekelelwa kanjani (nokunye Okungaba umbono wabafundi).

1.2 Ohlolwayo makabhale imibono yakhe, angavumelana noma aphikisane nesihloko. Makakhombise ukuthi ungumuntu oqaphelayo ngezinto ezenziwa yintsha ngendaba yokuhlala emafulethini/emqhashweni uma iqala ukusebenza. Imibono yakhe ingaveza okungaba yimbangela (njengabangani, ukufuna inkululeko empilweni eyiphilayo, ukuthanda izinto, ukungafuni ukubonwa ngabazali uma yenza okubi nokunye nje).

1.3 Indaba mayiveze ububi nobuhle obuvezwa yilesi sihloko futhi bulingane. Makaphumele obala ekugcineni aveze owakhe umbono. Anganika izibonelo lapho kudingeka khona.

1.4 Akuvele ukuthi uma ulalela abazali/abantu abadala uphumelela kanjani empilweni uze ubemdala uloku uphephile futhi ube nezibusiso.

1.5 Makuvele ukuthi kukhona la ethole khona isifundo esimenza acabange ngale ndlela. Imiphumela yokungacabangi kuqala uma uzokwenza izinto. Ubuhle bokucabangisisa ngaphambi kokwenza nokuthatha izinqumo ezifanele nokunye okungaqhamuka.

1.6 Makuvele uhambo ngendiza, ukulangazelela/ukufisa ukugibela indiza, ukuthanda umsebenzi wokushayela izindiza kanye nokunye).

1.7 Kungaba ukubaluleka kwemfundo, ukuthanda ukufunda, ukunakekelwa kwamabhuku afundwayo, ukuthuthukisa izinga lemfundo (nokunye okungahambelana nalesi sithombe).

1.8 Bangakhuluma ngemikhakha eyahlukene yokusebenza, ukubaluleka kwemisebenzi ehlukahlukene, ukufundela umsebenzi owuthandayo, ukuzimisela esikoleni ukuze uthole umsebenzi ongcono ozothuthukisa nomnotho waseNingizimu Afrika (nokunye).

**Izithombe kumele bazibukisise futhi baziqonde bakwazi ukuqamba indaba esukela kuzo. Mabangazichazi izithombe.**

2.2 **ISIQESHANA/I-ATHIKHILI**

- Isihloko: Ukubaluleka kokuzivocavoca kanye nokudla ngendlela efanele.
- Uhlaka ozobhala ngalo ngokwezigaba Isib. Isigaba 1 – kukugcina uhlale uphile saka.
  Isigaba 2 – ukuvimbela izifo ezidalwa ukuqina komzimba.
  Isigaba 3 – ukuphuza amanzi ngokwanele.
  Isigaba 4 – ikudla izithelo nemifino.
  Isigaba 5 – ukungadli uma usuthi noma ubuke umabonakude Nokunye.
- Igama lobhalayo

2.3 **INDABAMBIKO (IMEMORANDAMU)**

- Ivela kubani?
- Iya kubani?
- Usuku
- Imayelana nani?
- Mayibekwe ngamaphuzu (iziphakamiso kanye nezinqumo):
- Ekugcineni makuvele igama lobhalayo kanye nesikhundla sakhe Isib. MM Khoza (Unobhala)
- Mayisayinwe yilowo obhalayo.

2.4 **INGXOXO**

- Isihloko
- Isingeniso esifushane (makuvele lokhu: amagama abaxoxayo, indawo, isikhathi, isisusa sengxoxo)
- Mayiqale ingxoxo ikhule ize ifike ekugcineni, imizwa mayivele enkulumeni.
- Qaphela: Abasetshenziswa abacaphuni "…"

Qalisa kanje: Isib. UZaba:

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

| **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)** | | |
|---|---|---|
| Ulimi | (L) Bullets 2&3 | **6** |
| Isitayela | (ST) Bullet 6&7 | **2** |
| Ubude | (U) Bullets 4 | **2** |
| | | **[10]** |

| **OKUQUKETHWE, UHLAKA NESAKHIWO (20)** | | |
|---|---|---|
| Okuqukethwe | (Q) *Bullets* 1&2 | **7** |
| Imibono | (B) *Bullets* 3 | **5** |
| Uhlaka | (Hl) *Bullets* 4 | **5** |
| Isakhiwo | (Sk) *Bullet* 1 | **3** |
| | | **[20]** |

**OKULINDELEKILE**

3.1 **IDAYARI**

- Igama losuku - Isib: Umsombuluko
- Usuku – Isib: 25 kuNcwaba/kuJulayi 2009
- Mayibhalwe ngenkathi edlule njengoba kubhaliwe embuzweni
- Qaphela ukuthi idayari mayibe **eyezinsuku ezinhlanu.**

3.2 **IPHOSIKHADI**

- Linamabhokisi amabili. Isib. Elokuqala liveza ikheli lobhalelwayo kanye nesitembu.
- Elesibili liveza isibingelelo, umyalezo kanye negama lobhalayo.
- Okuqukethwe makube sobala ngoba iphosikhadi alinayo inkulumo eyimfihlo.

3.3 **IFOMU**

- Makugcwaliswe ifomu ngokwemiyalelo.
- Mazingashiywa izikhala ngoba imiyalelo ekhona ilingana namamaki.

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

| **ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (7)** | | | **OKUQUKETHWE, IMIBONO NESAKHIWO (13)** | | |
|---|---|---|---|---|---|
| Ulimi | (L) Bullets 2&3 | **3** | Okuqukethwe | (Q) *Bullets* 1&2 | **6** |
| Isitayela nokuhlela | (StHl) | **2** | Imibono | (B) *Bullets* 3 | **4** |
| Ubude | (U) Bullets 4 | **2** | Isakhiwo nohlaka | (SkHl) Bullet 1&4 | **3** |
| | | **[7]** | | | **[13]** |

**OKULINDELEKILE MAYELANA NOBUDE NOBUFUSHANE BEMIBHALO**

- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 1–5 kuyokwamukeleka.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 6–10 kuyosuswa imaki elilodwa.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 11–15 kuyosuswa amamaki ama–2.
- Uma amagama eqe noma ehle esukela ku 16 kuya ku–20 kuyosuswa amamaki ama–3.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha